S308 1857



"U-ROMEO NO JULIET"

INDA6A ETATULULWE EZINDA6ENI ZIKA SHAKESPEARE

IBALELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

NGU

K. E. MASINGA

INDA6A : Kwakukhona imizi ya6anumzane a6a6ili a6a6enothile kakhulu isi6ili,lemizi ya6anumzane a6a6ili 6ase Verona kwaku nga6akwa CAPULETS na6akwa MONTAGU yo mi6ili lemizi kwaku ngeyezice6i ezimangalisayo, futhi 6enodumo ngokufanayo.
Lemizi yomi6ili yayizondana kakhulu ka6i ngangoku 6a lenzondo ya6o yayiseze yadlulela ngisho nase mindenini yezihlo6o za6o ndawo zombili,ngangoku6a ngisho nezise6enzi zakwa Montagu zazingasazikhulu misi ezakwa Capulets,nezakwa Capulets zingazikhulu misi ezakwa Montagu.
6ekuthi nxa ihlangana lemindeni yomi6ili kuxatshwana ne,kuliwe,kuthethiswane,kuchitheke negazi mbala.
Izingxa6ano zalezinsapho zaziyisithikamezo emigwaqo weni yase Verona eyayihlala ithulile ithokozile.

KUZWAKALA UMSINDO WENGQUKUMBANE ESITALADINI KUXA6ANE IZISE6ENZI ZALEZINSAPHO

1. Saku6ona sise6enzi sakwa Montagu.

2. Thula angi6ingelelwa nguwe mina.

1. Mina onjani?

2. Wena use6enzela a6antu a6azonda amakhosi ami engenze lutho.

1. Wena awakho ayawathanda awami,ukhuluma kanjalo nje?

2. Suka,laphaya kwenu umuzi omu6i okhohlakele ka6i,asiwu funi thina,kungcono kithi.

1. Uma ukhuluma kanjalo uzo6ona sengikufaka insa6ula khona manje mambane,uyezwa?

2. Cha,ndoda asingaxatshaniswa yinzondo yamakhosi ethu esingena nda6a nayo.

" U-ROMEO No JULIET"

INDA6A La6anumzane nezinsapho za6o nemindeni ya6o 6a6exa6ana nje,6a6engaqondi ukuthi enzalweni ya6o qo6o lwa6o 6aze le izithandani,noma zazingakathandani,ngazo okwakukhona idalelo lokucima lomlilo wenzondo embi.
Lenzondo ya6azali 6a6o embi nenkulu kangaka yayilindele uthando olukhulu olwesa6ekayo olwaluza nedalelo osapweni lwa6o olwaluzocima lenzondo.
U kuhambakwezinto kwakuse6angeni loku6a umlilo wothando ugqamuke ushise uqede inzondo ya6azali.Loluthando kwaku zo6a ngolwendodana ngalapha nolwendodakazi ngale.

KUZWAKALA UMSINDO WOKUXA6ANA KWAMA CAPULETS NAMA MONTAGUES KUZWAKALA UKUKHALA KWEZINKEMBA NEZINDUKU.6AYATHETHA 6ONKE

1. Ho,6ashayeni a6atu 6akwa Capulets 6akithi!.

2. Nani 6akithi 6akwa Montangu asi6athelekele!

1. Ho,O,O, sayidudula imoana ya6o,ho,ooo!

2. I6uya liya6uya madoda....O,ho,ho,hoho!

CAPULET Lowo msindo ngowani?Niyawuzwanje? Akenithi inkemba yami.

LADY CAP Hawu,hawu,wa6iza inkemba?Inkemba yake yawucima yini umsindo loku iyawandisa nje?

CAPULET Musa ukulo ungitekulisa wena awu6oni ukuthi kuyaliwa, nansi impi yakwa Montagu seyilapha qatha!Hame!

MONTAGU Ye6o yini la6a 6akwa Caulet enifike niqhathe impi nihla le endlini zengi lapha ngo dli nangokungenqeni ngenkemba yakwethu.Vika!

LADY MONTAGU: 6ashaye ndoda yami yizo lezi izitha zethu! 6agence!

Amazwi esifazane okuqhatha impi(1)He,he,he-he! Ingene eyema Capulets nama Montagu,kuyodela uMahasana!

(2) Ki,ki,ki,ki kuhle kwethu 6ashayeni mpi yakwethu kade 6asiqala a6afokazana.

(3) Ye6o,ehene,kudala sisho zindala zombili namhlanje.

AMADODA NAMAFAZI: Hewu,hewu,hewu,6aphakathi!6aphakathi!

"U-ROMEO No JULIET"

MONTAGU Hawu,akeningitshele ukuthi ngu6ani ovuse lenkathazo ya lengxa6ano endala kangaka?-
Yisho wena mfana ka dadewethu,ithe iqala 6ewuphi? Awusiyenje omunye wa6asusi 6aloluthuli oludala e6ese sithi thina a6adala seluyacima? Khuluma ngizwe?

BENVOLIO Lapha Malume 6ekulwa izise6enzi nezigqili zenu nina ma Capulets nama Montagu mina ngingakafiki nakufika:
Nami ngiyigqa6ulile inkemba yami ngithi ngiya6athulisa kodwa ngithe ngisenze njalo kwaqhamuka i6utho lakwa Capulet elingu Tybalt eshaluzisa inkemba yakhe esonge la ukunginqunda izindle6e zami zombili,nami ngisizwe ukuzivikela.Ngokugeja kwakhe inkemba yakhe yagadla emoyeni,ngisho into yoku6ake kwase kuhlangana amaqembu oma6ili lawa ezinsapho ezizondanayo ashayana ngempela kuze kwafika INKOSANA yakhuza lolothuthuva ngamazwi akhaliphile impela:-

ESCALUS PRINCE OF VERONA(Lendawo idinga ifundwe ixhunywe kwa page 2)

Prince Mambuka,6ahlu6uki,zitha zokuthula,
Zoni uqo6o lwazo! Zidlova zezilwane zangempela ezizonda ukuthula!
Nina nicima umlilo walaka lwenu ngegazi lenu eligoboza emithanjeni yenu kodwa aniqondi;
Lahlani phansi izikhali nizwe mina NKOSANA yalelizwe nginitshela eniyiko,
Nina zinsapho zako Montagu nakwa Caoulets seku ngokwesi thathu loku kusuka izindweshu ngegama lenu kulomuzi omuhle onokuthula.Ningcolisa ngegazi umuzi wezakhamuzi zase Verona omuhle kangaka.Niyawona lomuzi ngolaka nemondo yenu.Oyophinda asuse loludweshu lwengxa6ano uyokufa noku fa.Ngithike manje ayiye ngemigodi yayo yonke impi manje! A6akwa Montagu a6aye emzini wa6o nani nina 6akwa Capulet nyamalalani khona,khona manje njenje.

"U-ROMEO No JULIET"

LADY MONTAGU: Wowu,He kazi uphi u Romeo kulezintuthuva ezingaka! Kodwa uke wam6ona nje?

BEN Angazi Nkosikazi,kodwa ngithe ngizihambela nje nelanga leli esilikhonzile kakhulu lingakaphumi,ngam6ona ethi ahazi ngalapha ngasenzansi nediloba,okuthe lapho ngithi ngiya mlandela waduka ezeni laphaya ngase zihlahleni,ngo6a kuthe noma ngithi ngiyamlandela wangithi"kla6e" ngeso waduka ka khulu,nami ngase ngifikelwayinsini enesazelo ngase ngiyam thokozisa ngokungamlandeli khona ezoja6ula.

MONT Kukaningi e6onwa khona lapho uthi um6one khona,a6anye 6athi 6aye 6am6one lapho ekhala ezimaconsi izinyembezi eziningi kun namazolo asekuseni;a6anye 6athi sewa6a yinto ehamba izamula wonke amaqele lawa ngalapha ngezansi lapho uthi um6one eca sha ngakhona:

Impela uyadela owazi okwe6a indodanayami lapha ekhaya em6u sweni wakwa6o ongaka,ngo6a noma sithi sim6ona engena endli ni yakhe uye azihluthulele phakathi emini ka ba ahlale emnya meni wanga6omu.

I mpela nxashane engalulekwa lento yakhe yogcina ngomswaza na omnyama weshwa.

BEN Uyazi yini malume ukuthi usuke eyephi nokuthi eyonzani?

MONT Cha,angazi nempela.

BEN Kodwa uke umeluleke.

MONT Akumina [illegible] ngedwa engimelulekayo,welulekwa ngayizihlo6o zethu;kodwa akathathi seluleko samuntu,uyi6utho elizikhuza yo.Ungumuntu wezinda6a zakhe angazitsheli muntu lomfana, Izindlela zakhe kwa6anye a6antu zicashe njengamehlo esi 6ungu kumuntu;

Uma 6esizazi izinsizi zakhe ngaku6e siyamsiza.

BEN Nango eseza,hambani nina ukuze axoxe ngokukhululeka nami uma nginenhlahhla .

MONT Asihambe nkosikazi yami 6asale 6odwa a6antu a6asha 6axoxe.

(GALAKAQA NGAPHAKATHI U ROMEO)

BEN Ha,saku6ona mzala. Yini ekuseni kangaka uphum......

ROMEO Ye6o saku6ona.Kodwa hawu,uthi kusekuseni kangango6a usho?

BEN Ngempela kanti awu6oni yini wena?

ROM Wo yek'okwami! nezikhathi uma ungathokozile ziyanyonyo6a. Hawu,lo engithe ngiqhamuka lapha wayejahe kangakaya 6eku ngu 6a6a yini?.

BEN Ye6o 6ekunguye-kodwa pho yini othi iku6angela usizi nga ngokku6a sengathi nezikhathi zeluliwe mzala Romeo?

ROM Izikhathi zi6ukeka zenuliwe uma umuntu engakutholi aku funayo,loko okuthi uma umuntu esekutholile zi6ukeke senga thi sezimfushane seziyashesha futhi.

BEN Hawu,mzala Romeo u6ulawa ngumzwangedwa yini mfo?

ROM Uthando,uya6uza yini?

BEN Lukuphethe uthando lwayo hey?

ROM Hawu,lungiphethe uthando lwentombi engangithandiyo neze.

BEN Wow,he,ku/ 6ike loko ukuthanda ufe ngo umuntu yena engafi ngotha ndo lwakho. Myeke umuntu wesifazane uma engakuthandi,kodwa uthi uyomncenga uze ufikephi naye nxa engakuthandi nawe uyi6ona leyonto.Myeke nje uzokhohlwanguye.

ROM Wusho ngo6a kungesiwena ofa ngothando olungaka lwalentoka zi,uma 6ekunguwe ngaku6e uyangizwela kuloku okungishisayo. Ndo uthando uma selungaka uma engakunakile lowo omthanda yo lu6a lu6i luhluphe njengenzondo.

Kuthi noma sengivukile ngizwe ngiyithanda lentombi ku6e sengathi ngisalele nomasengihamba ngivukile,ngizwa ngiyi thanda ngigula ngiphalile.

Uma 6ewungase uyizwe lento engiyizwayo ngaku6e awunamandla nawokuhleka.

BEN Impela dusho wena nami ngiyazi6onela ukuthi mukhulu umoi ndezelo okucindezele enhliziyweni nase moyeni wakho,lo owu6iza ngokuthi unguthando;ngo6a hawu,niyahlupheka 6antu a6ahlushwa uthando,si6e siziphólele thina esingakhathali ngezothando .....ha,ha,ha,ha,ha,ha, hmnmmm........(hleka)

"U-ROMEO NO JULIET"

ROM Wo,he,ungi6onanje Ben mzala wami,wena uthi ngilaphanje angikho lapha,uRomeo wangempela akekho lapha,wena uzi 6onela isithunzi saminje lapha;okunguyena MINA ROMEO ukude ka6i.

BEN Kodwa akewungitshele ukuthi ngu6ani lona omthanda kanga ka ngangoku6a uthi ukapha 6eungekho?u6ani lo okuphuphise kangaka wakuthwe6ula sithi sinawe kodwa wena 6ewungekho ngomphefumulo.?

ROM Ukukutshela loko kufana nokubodla emswanini nje komuntu ogulayo kodwa engeke alithola ikhambi lokumelapha.Wena ya neliswanje ukuthi ngigulisswa ngidakwe uthando lwentokazi ethize.

BEN Impela 6engimane nga6ona ukuthi awuwedwa wena Romeo. Phoke ake ungitshele ukuthi kanti sewuze udiki6ale umoyanje lentombi oyithandayo ifungile yageqeza yini ukuthi ngeke ize iguqule umoya wayo ikuthande na?

ROM Kuyafananje nokuthi ifungile lentombi ukuthi ngeke yangi qoma,ngo6a konanje ukuthula kwayo nokwelula isikhathi ku yangili6azisa kimina kufana nokuthi igwinya amazwi ami ngalokudonda kwayo.

BEN Okungenani ncama-ke mfo ......

ROM Hawu,hawu,hawu ngeke ndoda,ngeke mzala,ngekenje nempela. Lentombi yinhle ngangoku6a anginamandla okuncama ukuthi ngiyayithanda,yinhle ngangoku6a ngeke ngazenzisa ngithi ngiyayidu6a.Noma ngase ku6e yafunga ukuthi ngeke ize ingi qome,kodwa ngoyeshela koze kuqothuke izindlela eziya kwa6o.Ngoyeshela ngoze ngife ngo6a ngiyayithanda ngiyadakwa yiyo.

BEN Khohlwa 6- yilentombi wena.

ROM Hawu,suka,kodwa yininje emhla6eni engase ingenze ngikho hlwe yilentombi?

BEN Shela ezinye izintombi ukhohlwe yile eyuphela ebdle6e ni yakho.

" U-ROMERO NO JULIET"

ROM Ye6o,ngiyavuma iyiphela endle6eni yami,futhi ingiphuphuthe kisile ngothando lwayo;
Phoke loku uyazi ukuthi umuntu ophuphuthekile aka6oni u6o na wona umnyama lowo,wuthi mina ngingazi6ona kanjani ezi nye izintombi?Ngifuna yona le engiphuphuthekele kuyona.
Hawu cha,ntanga sala kahlo iseluleko sakho sokuthi angi yeke intombi engiyithandakangaka ngiyikhohlwe asisizi lu tho kimina .
Ngeke,awunamandla okungifundisa uku6a ngiyikhohlwe lentombi.

BEN (ememeza) Yey,6uya 6o,uma kwenza ngo6a sewuyithanda ugula lentokazi ngizokufunela inyangayokukwelapha,leyomali yo khokhwa yimi.

KUZWAKALA UMSINDO WASE SITALADINI
(Kungene o Capulet no Paris ne Nceku)

INDA6A Kwakuyisikoke langalezo zikhaghi lenkambo enhle uku6a kuthi nxa kukhona intombi eseyifanele ukweshelwa kulowo muzi,izesheli zicele ukuyeshela,nokuthembisa ukuyishada ku6azali 6ayo.Nalapha ekhayake,yayikhona intombi eyase ikhanga izinsizwa lapha kwa CAPULET,ngenxa yoku6a yayi yinhle zase ziqalile ukungena zidedelana izesheli.
Lezo zesheli ezaziza ngokunyenya zazingamukelwa kahle njengalezo ezaziza ngemvume ya6azali ukuzocela ukushada namadodakazi nxa evumile.Esinye salezo zisheli esasidumi le esafika sazocela ukushada nendodakazi yakwa Capulet, kwakungu PARIS owaye yisikhuluenogazi lwako Mkhulu owa ye6usa lelozwe lase Verona.Wafikake naye wazozi6ika ku yise wentombi ukuthi uyayithanda ufuna ukuyishada.
Intombi leyo enhle kwakungu JULIET wakwa CAPULET odumileyo.

CAPULET ....................sihlezinje khona kodwa thina sina6akwa Montagu noma singahlezi kahle ngokuzwana kwemindeni,nokho sesi6adala kahulu sinesu lokufihla ukungezwani kwethu, nomake phela sikhohlisana sihlomile..(shinte izikhwehlela)

J.P.L.



# "U R O M E O NO J U L I E T "

INDA6A ETATULULWE EZINDA6ENI ZIKA SHAKESPEARE

IBALELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

Ibalwe ngu

" K. E. M A S I N G A "

A6adlali

LADY CAPULET

U Nurse ka Juliet

JULIET

Izinceku

Tybalt umzukulu wakwa Capulet

BENVOLIO Isihlo6o sakwa Montague

Mercutio: Isihlo6o seNkosi eyayi6usa kulelo zwe futhi wayengu mngani ka Romeo.

BROADCAST AT DURBAN ON ..........................1953.

( MAY 12,1953)

"-ROMEO NO JULIET"

INDA6A ETATULULWE EZINDA6ENI ZIKA SHAKESPEARE
IBALELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

NGU

" K. E. M A S I N G A."

(LAPHA KUKWA CAPULET EKHAYA)

LADY CAPULET: We Nurse.

NURSE Nkosikazi.

LADY CAP Uphi uJuliet indodakazi yami?m'6ize.

NURSE (ememeza) We Juliet,Juliet,shesha uya6izwa ngu mama wakho.

JULIET Sengifikile phela kulungile.
Sengikhona lapha mama,uthini ke?

LADY CAP Ngithi .....O, Nurse akewuhambe usishiye ngo6a ngifuna uku xoxa imfihlo nendokazi yami uJuliet:-.....O,ngakhumbula, 6uya nurse,sengi6uye ngakhumbula ukuthi izinto engizoxoxa no Juliet yizinto ezingadingi uku6a yimfihlo kuwena omazi kahlenje.Wena ngithi umazi neminyaka yakhe yokuzalwa. Angithi nurse?

NURSE Ye6o,ngimazi kahle lomntwana ngo6a wayephathwa yimina,ngazi nehora azalwa ngalo.Uneminyaka eyishumi nane.
Sengithandaza enkosini nje uku6a sengathi ingangi6eka ngize ngim'6one mhla eshadayo

LADY CAP Ha, Nurse womntanami kodwa uyabula uyisanusi yini?Ngisho ngo6a ukhuluma ngenda6a yokushada kulengane yami u Juliet kanti nami ngim6izele yona nje lapha namhla.Ngithi ake wusi dedele sihle6e nayenje 6engifunaukuxoxa lezo naye sisodwa. Ake ushoke mntanami Juliet,kodwa uthi ungeke wathanda ukwe nda uma uqondana nomuntu okahle onedniso manje ndodakazi yami ethandekayo?

JULIET Hawu,mama uma umendo uyisi6usiso,yisi6usiso engingasifuni.

NURSE Hayi suka wena Juliet musa ukukhuluma kanjalo,uyangijabisa ngangikuphatha,awuhlakaniphile ngani njengami umzanyana wakho?

Episode Two "ROMEO NO JULIET" Isiqephu Sesi6ili

LADY CAP Kuhle mntanami uwuca6ange umendo manje ngo6a izintombi zalapha e Verona ngaleminyaka zigana zingangawe ezinye zi ngaphansi kwakho.Mina ngashada ngingaphansi kwakho.

JULIET Angifuni mendo mina ngiseyingane.

LADY CAP Ah,ungakusho kanjani loko,kanti sikhulumanje kuyihlo ku khona insizwa ephambili ngo zalo lwayo engu PARIS isikhu lu uqo6o lwaso ithi ifuna uku6a ivunyelwe ishade nawe uma uvuma.

NURSE O,Juliet leyondoda efuna ukukushada ngumuntu wolwazi olukhu lu,insizwa ziphelele.Ngeke mina ngikweduse ngangikuphatha.

LADY CAP Lahha kuleli lase Verona ayikho futhi insizwa enjengaye.

NURSE Ayikho nempela,yimbali yensizwa yangempela.

LADY CAP Uthinike mntanami Juliet uyavuma ukuthi uzoshada nalensi zwa edumileyo?Nahla sizo6e sinedili lapha ekhaya naye uzo 6akhona,u6omhlolisisa kahle u6one ukuthi akafanele yini uku6a yindoda oshade nayo na.
U6om6ukisisake mntanami u6one ukuthi ngeke yini uziqhenye ngo6uhle 6akhe uma senishadile na.U6one ukuthi imfanelo ayiyona ngeke yini ikukhuphule uma senishadile na.U6one kahle ukuthi uku6a ngumkakhe akusiko yini ukuzikhuphula na?

NURSE Impela mama,impela nkosikazi uqinisile ukuthi isikhundla esiphakeme sendoda siyamkhuphula no nkosikazi wayo noma e6e nge6ani,ephansi.

LADY CAP Yisho Juliet mntanami uzomthanda u Paris oyisikhulu?

JULIET Angazi Mama ngethembisi,ngiyo6ona ngo6a sengim6ona sikhu luma naye.Uma efanelekile kolunga uma engafanelekile enhli ziweni ngeke kwalunga.

INCEKU Mama,Nkosikazi ehloniphekile yenkosi yami,ngizoku6iza ngo 6a ukudla sekulungile nezihambi seziqhethile zikulindele, wozani nine nkosazana Juliet.

LADY CAP O,sesifikile nceku yethu.Woza Juliet siyodla semukele izi hambi zethu.

" U ROMEO NO JULIET "

INDA6A Edilini kwa Capulet,kwasekuphelele izikhulu zihamba nesifazane esiphambili,zifike ngamakalishi,namahhashi, nezihlibi okwakuhanjwa ngazo kuqala/zonke lezinto zazihlotshisiwe zi6onakalisa u6ukhulu 6a6aniniko. Kwakungentombi yayidla umunyu,kwakungensizwa yayidla umunyu.

Ezindleleni kwakusathe dlikilili nga6antu a6a6eza lapha kwa Capulet 6emenyiwe ukua edilini.

Phakathi kwala6o a6a6eseza kwakukhona u Romeo umfoka Montagu odumileyo,nowayeyinsizwa eyayinomoya omuhle, neyayithandwa nga6antu 6onke ngokuziphatha kahle kwa yo.Noma wayazi uRomeo ukuthi uya lapho engafunwa kho na,kodwa waya kulelodili.Nezincekwana zakhona endlele ni zase zimtshelile ukuthi owakwa Montagu umuntu akadi ngeki aluthi khasha unyawo.

Endlini kwa Capulet kwase kuhomuzela endlini yokufikela izihambi nasendlini lapho kwakuqhethelwe khona ukudla.

KUZWAKALA UMSINDO WOKUHOMUZELA
KWEZIHAMBI EZILAPHA ENDLINI.

IZWI We Zinceku kade ngishilo ngathi lungiselani a6adlali 6ezinkatali indawo lapho 6ezonzinza khona 6adlale nihlalel leleni lapho na?

Inceku I. Kade ngi6atshelile nduna a6ezwa la6a.

Inceku 2. Naye nduna akenzi lutho uhlezi nje u6uka izikhulu lezi ezifikayo zigqoke kahle.

IZWI Angikhulumi loko mina,sheshani nenze lowomse6enzi kho na manje,ani6oni yini ukuthi a6antu 6ayaphelela manje kudingeka 6ezwe umculo opholileyo na?Sheshani!

KUZWAKALA IZIHLALO ZIGELEKEQEKA NAMAZWI EZINCEKU

IZINCEKU(1) Konakele namhla kwethu (2) Kumenywe a6ashayi 6angempela.

(3) Musa ukuloku uqeketha wena se6enza izosishaya induna.

(4) Hawu kunuka amasobo nezipeke yonke indawo namhla.

-INSINI-

" U ROMEO NO JULIET"

KUZWAKALA UMSINDO WOMCULO WEZINGUBU ZOMDANSO (B/G) NEZWI LOMNUMZANE U CAPULET .

CAPULET Ngiyani6ingelela Zintombi nezinsizwa,makhosikazi na6anumza ne! Ngiyanemukela emzini wami ngokuthokoza okukhulu; Nankoke umzulo ophambili wemitshingo ,ngithi wonke umuntu ongenakhona(corns) ezinzwanini zakhe akasukume athathe inkosazana ayidlalise ngomdanso !

Uma nje ngike nga6ona izintombi nezinsizwa,noma a6alisa na6esifazane 6ehlezi phansi ngizokholwa ukuthi 6anamakhona (kuhlekwe ngqokotho) Wow,he yeka ngezami izikhathi,zazinge ke zakhala isikhathi eside kangaka izinsimbi ngingasukumang nga neyami intokazi yangalezo zikhathi le esengihlala nayo ingumkami manje-O,he guga mzimba saha nhliziyo,guga sithe 6e kade wawudlela;niyadela we zinta6a nina nisikwa nihluma kazi kina ngonani engishazwa umshazo wafuthi! Sukumani sukumani nidanse nonke!(Uyakhala umculo we Band) Azikhale ngempela izinsimbi zemidanso 6ashayi! Thokozani 6alisa namakhosazana enu;nina zise6enzi lethani ezinye izi 6ani ukuze kukhanye kakhulu kunaloku!

KUTHI WI IMITSHINGO YOKUDANSA KUYADANSWA KUYAHLEKWA

CAP O,ho,nangu no mzala wami,kanti ulapha?

O,ho,zihlalele wena mzala thina sinawe seyadlula eyethu inda6a sesaguga;kodwa wena wakugcina nini ukudansa?

ma/

CAP-2. Hawu,mzala ukudansa ngakugcina sekuyiminyaka engashumi amathathu eyadlulayo,a6afana a6azalwa ngaleso sikhathi yi6o la6a a6adansa lapha,angisakhulumi ngezintombi ngo6a ezazalwa ngaleso sikhathi simpunga manje;phoke uthi mina muphi engingadansa nala6o 6afana? Kuhle sivumele ukuguga mzala singaloku si6anga ishashalazi nezingane esizizalayo.

Izwi-1. La6antu a6adlala imitshingo kangaka 6athathwephi kodwa?

Izwi- 2. Wonkenje umuntu na6adansi namhlanje sengathi 6a6aselwe; Izintombi zona sengathi zinamaphiko.isinsizwa ziyacothoza.

" UROMEO NO JULIET "

ZIYAKHALA IZINSIMBI ZOMDANSO,KUYADANSWA.

ROMEO Hey,Nceku talapha ekhaya.

Inceku Ye6o,Skwaya!

ROM U6ani leyantombi enhle kangaka edansa naleleliyaqhawe?

Inc Angazi,Sikwaya.

ROM Hayi,yinhle yini pho! Yinhle ikhanya yedlula izi6ani! Yinhle ifana namacici ahlo6a izintokazi zase Topiya! Yinhle ngangoku6a sengathi ayisiso isidalwa salapha emhla6eni. Yinhle ngangoku6a ezinye izintombi zisuke zi phenduke amagwa6a6a-yona i6e yiju6a yodwa;akewuzibekenje ezinye izintombi izikhipha ku6e sengathi azikho zikhona. Hawu,hawu,hmn,hmnyaze ya6anhle intombi,uzonele ayiyeke nje lowaya mlisa ngiyocela ukudansa nayo-ngizi6ike. Hawu,ya6anhle intombi! Ngiyaqala uku6ona intombi enhle kanje futhi ngiyaqala ukuthanda intombi kangaka khona na mhlanje kusihlwa.Hawu ya6anhle intombi!

INDA6A Ngalezo zikhathi izinsizwa zazinomkhu6a woku6a zithi nxa ziya ezindaweni zemidlalo zemidi6i zizithukuse ngokufaka izindwangu ezazizifihla u6uso kuvele amehlo ukuphela. Nanamhlake zazikwenzile loko eziningi zazo,phakathi kwa lezo ezazenzenjalo kwakukhona no Romeo odumileyo umfoka Montague.Kwathi ekanti uzifihlile kodwa wanele wa6ona intombi enhle qede wakhuluma kanti uzozwiwa ngezwi yi nceku yalapha ekhaya eyayimazi ngezwi lakhe.

ROM Leyantombi yinhle ngangoku6a ngiyahluleka ukuzi6amba ngifanele ngiyoyitshela uk......

Tybalt (Umshana walapha kwa Capulet) ......Hawu,niyangizwelanje? Lelo lizwi elikhulumayo lifana namazwi a6antu 6akwa Montague,a6antu okwathiwa a6angumuthi 'khasha unyawo" lapha ekhaya. Nithini?Nithi ngizwa kahle kodwa ukuthi ngase ku6e sihlezinje lapha kukhona isedeleli sakwa Montague phakathi kwethu singu mndeni?

"U ROMEO NO JULIET"

CAP Hawu,kwenzenjani wa6angaumsindo kangaka wena wona umdlalo kanti uyisihlo6o salapha ekhaya na?

Tyb Cha malume ngi6ona lomuntu olapha phakathi kwethu ukuthi ngowakwa Montague,isitha sethu uqo6o lwaso salomfokazana. Ulaphanje ufuna ukuhamba ehlekisa ngomuzi wakwethu.Mina agikwazi ukuthi sike si6e no6udlelwane nama Montague se loku ngazalwa.

CAP Ngase ku6e ngu Romeo lo okhuluma ngaye?

Tyb Nguye uqo6o lwakhe lowmfokazana ongu Romeo olapha.

CAP Hayi thula mfana wami muyeke uRomeo.
URomeo yinsizwa eziphatha kahle;
Mhlaumbe wena awazi ukuthi lonke lelizwe lase Verona liyamazisa ukuthi u , ' Romeo ngumuntu oziphatha kahle,
Ngeke mina ngamphatha ka6i uRomeo ngo6a waziwa ukuthi uyinsizwa ephambili eziphatha kahle kulolonke leli lase Verona;pho mina ngingu6ani wokumphatha ka6i emzini wami?
Ukuphatha ka6i umuntu onegama elihle njengo Romeo kungaphoxa umuzi wami ndodana;
6ekezelanje ungamphathi ka6i ngo6a kuyikwenu.

Tyb Waphu cha angira kuku6ekezela loko mina.

CAP Wena muphi?Wena 6ani ozohlakaza izihambeli zami lapha ekhay ya?Akewuzidunge izihambeli zami uzongifunda kahle.

Tyb Kulungile phela,kodwa uku6a nalomuntu lapha kunyakazisa ngisho inyongo yami mbala.
Kusizani uku6a kuthiwe lapho ngi6ona isitha sethu sidla nathi kuthi lapho ngisixosha kuthiwe ngingumfana owedele layo,kanti sikhule thina kuthiwa asinga6i na6udlelwane na6akwa Montague.Pho namhla 6afunani lapha a6akwa Montague?

CAP Thula mfana owodelelayo nongahloniphi;hambauyokhanyisa ezindlini ezicimayo,wenze neminye imise6enzi ekufanele udedele izihambeli zami zithokoze kahle.

Episode Two Isiqephu Sesibili

"UROMEO NO JULIET"

ROM ✓ Nurse,unina walentombi u6ani?

Nurse Unina yinkosikazi yalapha ekhaya,ulungile yini pho,
Futhi ungumuntu omkhulu ngempela nohlakaniphile.
Le nkosazana yayiphathwa yimina iseyingane

ROM ✓ Uma kanti ngikhuluma nje ngeyakwa Capulet,impela loko kufa na nokuthi ngithengisa ngempilo yami.

BEN Suka,wenza u6ugwala nje wena kunani uma kungeya kwa Capulet? Shela intombi wena nomakunge yakwa Capulet akusilutho !

ROM ✓ Ngiyezwa kona,kodwa hawu,kungasuka isinyakanyaka uma kuzwaka la kwa6o;futhi ku6aye kuzwiwe ukuthi intombi yakhona yeshe lwa umfana ka Montague oyimina! 6angafa a6akwa Capulet ngo6a a6ukho u6udlelwane phakathi kwethu na6o;kodwake sekozikhethe la intombi ntangayethu.

CAP Ah! ye6o 6akwethu,siya6onga ngo6a nizile lapha kulelidilana e6esinenzele lona e6elingelutho kangako;okukhulu ukuthi si6e nesikhathi esihle ndawonye.
Manjeke sinifisela nomuzi wami u6usuku o6uhle nihambe kahle. Lapha emzini wami nizophuma kahlenje sizonikhanyisela izihlo nti zokunikhanyisela.

CAP 2. Ye6o mfowethu ngempela sekuyisikhathi sokuphumula lesi.

(KUZWAKALA UMSINDO WO6UHOMUHOM WA6ANTU SE6EPHUMA)

JUL We Nurse!

Nurse Nkosazana!

JUL Ake ungitshele ukuthi u6ani leyansizwa na?

Nurse ......ng ... ngica6anga...ukuth....(amnqume ulimi)

JUL Hamba uyoyi6uza igama layo ungalica6angeli,uyiphenyisise ka hle nokuthi seyishadile yini na?Hawu,he uma seyishadile mina ngo6e ngife olwembiza ngo6a ngokwempela nami ngiyephukele le ya nsizwa. Gijima Nurse wami.

KUZWAKALA IZIGI ZOKUGIJIMA ZOKUYA NOKU6UYA

J.P.L.

Episode Three. Isiqephu Sesithathu.

# "U R O M E O NO J U L I E T"

INDA6A ETATULULWE EZINDA6ENI ZIKA SHAKESPEARE

IBALELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

Ibalwe ngu

"K. E. M A S I N G A"

A6adlali

Umxoxi we NDA6A

uJULIET...............Indodakazi ka Capulet

uROMEO................Indodana ka Montague

uMFUNDISI.............Friar Lawrence

Imifakela ya6adlali.

Nurse ................Incekukazi ka Juliet nomzanyana

Mecutio...............Isihlo6o senkosi eyayi6usa kulelozwe nomngane ka Romeo.

Benvolio..............Isihlo6o sakwa Montague

BROADCAST AT DURBAN ON............................1953.

( MAY 19th,1953.)

"UROMEO NO JULIET "

INDAБA ETATULULWE EZINDAБENI ZIKA SHAKESPAERE

IBALELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA
NGU

K.E. M A S I N G A.

INDAБA Uthando uRomeo lwase lumenze weqa uthango lwemithi eyayitshalelwe ukuhloБisa igceke lwakwaБo ka Juliet. Wayesehlezi phansi ephelelwe isineke kodwa uthando luka Juliet lumququda.Kwathinje engakazinzi lapha,esaceБa iceБo lokuthi uzokwenzenjani;waseqhamukile uJuliet esi Бukweni sekamelo lakhe esitezi;phoke emuhle enjani?EБaБa ethi ha;emuhle sengathi uБuhle Бakhe mБucima oБelanga ne nyanga esibakabakeni,emuhle efiphaza izinkanyezi zezulu. Kwathi loku kwakungu nyezi,kwangathi lonyezi ukhanyiswa nguБuhle Бuka Juliet cha oБenyanga.
Yalunguza intokazi ka Capulet ingasenhle ithi mhlolo, lapho uRomeo wadunyelwa uthando,loku yayifake izandla (gloves) wafisa uRomeo sengathi angaБa yizonaleziya zandla zokufakwa ukuze ithi lapho izesula uБuso Бe izesula ngaye.

Yenza konke lokunje ayiБoni ukuthi uyilindile uRomeo uyibonisele ngempela uyithandakuthi akagqathuke.Yathi uma izamule ......

JUL Ah,he,yek'okwami ......

ROM Wo,he wakhuluma ntokazi enhle efana nezingelosi zezulu, Waze waБamuhle wafana naloБu Бusuku,kwathi ekanti ungase nhla kwami,kwaБa sengathi uyiso kanye isithunywa sase Zu lwini esimaphiko esingafanele ukuБukwa ngamehlo enyama. Hawu,he waze waБamuhle mntwana womuntu,ngakuБona qede kwaБanda amancane amathumbu kimina wuthando.

JUL O,he,ngiyathokoza ngo6a umnyama wokuhlwa yiwona ongens4 nzele ulwe6u loku.6a ngizifihle u6uso 6ami kuwe Romeo; Ngo6a ngempela kufanele ukungikhophozisa loku osewuzwe ngikusho kuwena ukuthi ngiyakuthanda Romeo,kazi wena uyangithanda ngempela awungikhohlisi na? Ngazi kahle ukuthi uzovuma uthi,uyangithanda khona ngizothokozanje ukuphela;

Romeo othandekayo notho6ekile khuluma . iiqiniso nje uma uthi uyangithanda ukhulume ukuthi uyangithanda ngesimi nya;Angazike 6andla noma ukusheshisa kwami ukukuvuma ku zonginyundela yini kuwena kungenze ngi6e yintombi elula esheshe yavuma yaziletha kuwena na? Nxa kunjaboke kuwe na noko mina ngisazodlula ngikuthandenje mfoka Montague ngo6a ngikuthanda angizenzisi.

Ungixoleleke Romeo ngokuzi6ika kwami ukuthi ngikuthanda kangaka,mhlaumbe namahloni kimina aqedwa yingo6a kukhona umnyama wokuhlwa yini angazi,kodwanje uthando lwami lwa kho luyabebetheka luyavutha Romeo.

ROM Juliet,Ntokazi ka Capulet,ukuthi ngiyakuthanda ngifunga ngenansiya inyangaikhanya esibakabakeni nangezithelo za nansi imithi yakwenu.

JUL Hayi,hay,hayi,ungafungi ngenyanga ngo6a izazi zesibaka baka zithi inyanga iguquguquka njalo nyangazonke,kuthi noma ihambakhona endleleni yayo kodwa ayiwulandeli kahle hle umugqa wayo wenyanga edlulile;inyangake ayisiso isifu ngo esihle sokuthanda umuntu.

ROM Wow,he,kodwa 6andla ngingafunga ngani ezokwenza uJuliet akholwe ukuthi ngiyamthanda?

JUL Musa ukufunga ngalutho,kodwanje funga ngawe ngo6a wena ngizokukholwa kahle ngo6a sewuyisithixo sami kusukelanje Ngakoke musa ukufunga,qondanje ukuthi ngikuthanda kakhulu lu ngempela Romeo wami.

"UROMEO NO JULIET"

ROM Hawu,he ngidinga nemilomo eminingi yokungi6ongela ngo.....

(amnqume ulimi u Juliet kukhulume yena)

JUL Ye6o noma sengishilo ngathi ngiyavuma ngingowakho kodwa ngivumele phezulu ngingakalulekwa;

Loluthando lungifikele njengonyazi lona athi uthi luyakha nyisa uya6ona kade lucimile!

Asazike njalo Romeo funa kuthi lomqumbe wothando lwethu uqhakaze u6e yimbali enhle mhla sihlangana si6onana futhi. Hamba kahle , ulale kahle ,sengathi unga6a nalomzwangedwa ozwiwa yimina enhlizyweni yami nawe Romeo,hamba kahle ula le kahle .

ROM. Hawu Juliet uthi angihambe ngiyolala kahle kanti futhi wuthi awukangivumi kahle?Yini uyishaye emuva uyishaye phambili nje?Uthi ngizoku6ambela liphi Juliet na?

JUL Kanti Romeo ufuna kuphi ukwaneliswa?

ROM Ngithi mina yisho uqede uthi sewungowami.ngokuqinile oku ngagudlukimnokwethembekileyo njengokwami.Vuma uqede.

JUL Mina Romeo ngakuthanda ungakawuvuli nakuwuvula umlomo wa kho,ngamane ngaphuka ngawanje uthando lwakho.

ROM Mina ngifuna ukhulume uqondise uthi uyavuma ukuphela.

JUL Uthando engikuthanda ngalo Romeo lujule njengokujula ko lwandle,lude lukhululekile ngengo6ude 6olwandle futhi; Ngithi ngi6analo lu6aluningi lu6e lwanda futhi lu6e yi nto engenamkhawulo.Romeo,ngikuthanda ngempela.

( KUZWAKALA IZWI LIMEMEZA UNKOSAZANA JULIET)

Nurse Nkosazana Juliet,Juliet nkosazana,6uya manje uzolala usahlaleleni sonke lesikhathi kade uqhomolozile ungalele, 6uya uzolala,a6azali 6akho 6ayothethisa mina ngomuso 6a thi angiku6uyisanga ngani wazolala 6uya!

JUL Izwi lenceku yami leyo engiqaphelayo nengilalisayo,akewu kahle ngiyoyixosha isikhashana ungahambi Romeo mntakwethu--

JUL Awukahle ingcosane Nurse ngiyeza khona manje ngasize unga sho ku mama nurse ngiyeza.....

JUL Hawu,Romeo mntakwethu hamba kahle ungithande ngesiminya phela,awu....he....hambakahle....

"UROMEO NO JULIET"

ROM Wow,he! konje kuse6usuku isikhathi samaphupho?Mhlaumbe ngase ku6e ngiyaphuphanje ukuthi lentombi iyangithanda? Siyazi yini,loku yiso isikhathi sokuphupha lesi ngempela mhlaumbe nami ngiyaphupha nje lento yonke ngase ku6e ayi kho yiphupho.Hawu,yaze ya6a yinhle intombi!ngaze ngaqonywa yintombi enhle!

(LIZWAKALE LELOZWI FUTHI)

JUL Hawu,mntakwethu Romeo ngindawo yini uNurse wami ngale ungi lindile yini pho,ngithi akengizoku6uka futhi kancane mnta kwethu,ungasho ukuthi 6engizolalela izinto ozikhuluma uwe dwa sithandwa Romeo.

(IZWI LIKA NURSE FUTHI)

Nurse Nkosazana Juliet hambauyolala sekuyasa manjeungalalanga; Nxa uhambisa kanje ngizokuce6a manje kade ngikuncenga ngithi hambauyophumula manje sekuyasa kade ukhuluma nalowo mfokazi.

JUL Hawu,ngiyeke wena kade ungifundekele,hamba lapha ungiyeke ngiqedele izinda6a zami

ROM Cha,nembala noma kwala asehlukane kusihlwanje Juliet sitha ndwa sami so6onana ngomuso.

JUL Engithanda ukukuchasisa kuwena Romeo mntakwethu ukuthi, ngifuna uku6e ngomuso uthumele umuntu nencwadi ebaliwe wafunga kuyona ukuthi uyongishada na nokuthi nini,ukuze nami ngizimisele ngiqonde ukuthi zonke izinhlanhla zami enginazo sengizozethula kuwena oyithemba lami langunapha kade,nxa uqinisekile.

ROM Ngasikhathi sini ngomuso?

JUL ........ngithi kukungile nge awa lika 9 ngofika ,ngithi angithi u/ngathumela. Hamba ulale kahle,kuya6e kade ngikuva lelisa ngi6uye ngi6uye,yinda6a yokuphuphuthekiswa uthando.

ROM Cha,nami sengiya ekhaya lika 6a6a salakahle nawe size si6o nane ngesikhathi esisishilo.Lala ngokuthula Sithandwa sami.

"UROMEO NO JULIET "

INDA6A Lo mshikashika wenda6a ya6o yothando o Romeo no Juliet ya6ahlalisa kwaze kwa6a mpondozankomo 6etsheh lana ukuthi 6ayathandana 6ekuphindaphinda loko. Ekugcineni waze wasuka uRomeo wathi tseya emzini ka yise,okwathi endleleni wehlulwa u6uthongo wasephambu kela endlini yesonto kwa Mfundisi wesonto wacela ikha indawo yokulala,futhike wayasiwa kahle lapho kwa Mfu ndisi.Ngalesikhathi kwakumpondozankomo impela ngesi khathi umfundisi evukele ukuthandazela izi6usiso zase ntathakusa eseyedwa. Ngalesikhathi umfundisi esesho i Ameni.

UMFUNDISI -----------Amen.....amen, amen........ame(umlolozelo woku qeda umthandazo)

ROM Eh,saku6ona 6a6a!

UMFUND Hawu,lowo osengi6ingi6ingelela kahle kangaka ekuseni kangaka ngu6ani?Kodwa ndodana yini ekwenze wadedelana nocansi lwakho ekuseni kangaka?Akukhomuntu ongahlushwe lutho okudinga uku6a usevukile ngalesikhathi;impela kukhona ngiqinisile ukuthi kukhona okungajwayelekile okukwenza u6e lapha sewuvukile ngalesikhathi.Uma u ngavukile ngase ku6e kade ungalele konkekonke ndodana!

ROM Iqiniso mfundisi yileli ogcine ngalo lokuthi kade ngi ngalele ekhaya,nalapho 6engikhona angilalanga.

UMFUND Loku phela wena waziwa ukuthi intombi oyithanda kakhulu ngu R.saline,nguye lona okade ekuli6azisile wangalali?

ROM Cha 6a6a mfundisi ohloniphekile. U Rosaline sengakho hlwa nayigama lakhe.

UMFUND Hameshane! kade uphi ndodana?

ROM Kade ngisedilini lezitha zami,kulaphoke lapho ngithe ngi6ona ngase ngihla6ekile zingihla6ile nami futhi nga zilimaza,kuloku limazana kwethu nesitha sami sekolamula wena 6a6a mfundisi.

"UROMEO NO JULIET.

INDA6A Wathokoza waqeda uJuliet ngo6a phezu koku6a wayesemuvu mile uRomeo ukuthi uyamthanda,wathembisa no Romeo ukuthi uzomshada,kodwa njengamantombazane wonke akazange amethembe kahle-hle ngangoku6a wayethe aze amthumele isigijimi nencwadi enalezo zethembiso;nembalake wakwenza loko uRomeo emuva koku6a axoxe noMfundisi ukuthi kuhle a6ashadise no Juliet;no Romeo waja6ula ukwazi ukuthi ifu lokunga6aza lase lesuliwe entombini yakhe engu Juliet.Wonke lawa malungiselelo enziwanje a6anga ni 6aka Romeo o Benvolio no Mercutio a6azi,6a6azihla lele kwenye indawo 6ezixoxela 6edinga ukuthi uphi u Romeo.

(UMSINDO WENGQUKUMBANE EMGWAQWENI)

MERCUTIO Hmn,kazi uphi uRomeo?Kazi aka6uyanga ngani ekhaya?

BENVOLIO Cha,impela akazange alale laphaya kwa6o ngike ngaya ukuya komu6uza 6athi aka6uyanga.

MERC Ha,lowo mfana wakuthi wehlulwa uthando luka Rosaline ngalezinsuku.Uthando lwaleyontokazi luyamhlanyisa. Asazike futhi ngo6a a6ezwani 6eno TYBALT?NXA ESENYA MALELE nje akusiphathi kahle.

BEN Suka,ngo6a u Tybalt e6eyini ku Romeo?

MERC Ha,kanti awumazi uTybalt wena?Yingwazi leyo,yisihla6ani leso,yiqhawe lelo,nguhla6azihlangana lowo.Uye uthi wena ubekene nendoda uTybalt kanti eyiwisile phansi,ha,kanti awumazi!

BEN Yini?

MERC Kanti awuzwa yini? Yimambane leyo engikutshela ngayo, wungqaza lwensizwa nansiya phezulu idephile,insa6ula iyiphosa ngempela nxa kuliwa.

J.P.L.

Episode FOUR

ISIQEPHU SESINE

"U R O M E O NO J U L I E T"

INDA6A ETATULULWE EZINDA6ENI ZIKA SHAKESPEARE

IBALELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

Ibalwe ngu

"K. E. M A S I N G A."

A6adlali

Umxoxi we NDA6A

uJULIET................Indodakazi ka Capulet

uROMEO.................Indodana ka Montague

uUMFUNDISI.............Friar Lawrence

Imifakela ya6adlali

uNurse.................Umzanyana ka Juliet
Tybalt.................Isihlo6o sakwa Capulet segazi
uMercatio..............Umngane ka Romeo ne sihlo6o seNkosi
uBenvolio..............Isihlo6o segazi sakwa Montague
Inkosi ethetha amacala ase Verona(Escalus)
Lady Montague...........Inkosikazi yakwa Montague
Lady Capulet............Inkosikazi yakwa Capulet

Episode Four Isiqephu sesiNe.

"U R O M E O NO J U L I E T"

INDA6A ETATULULWE EZINDA6ENI ZIKA SHAKESDEARE

IBALELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

NGU

" K. E. M A S I N G A."

KUSENGADINI YEZIMBALI LAPHA KWA CAPULET,KUKHALA IZINYONI EZIFUYIWEYO,UHLEZI KHONA UJULIET UNESIZUNGU SIKA ROMEO .

JULIET Hawu (uyazamula) kade ngimthumile u nurse wami,kazi ulitshaziswe yini?
Uma engamficanga pho uRomeo yini aka6uyi azosho;
Wo,he umuntu uma kukhona akulangazelele ku6e sengathi nesikh khathi siyatoto6a,noma ku6e sengathi sihamba sihlehla.
Nelanga selize laqopha izinta6a ngingam'6oni unurse kanti kade ehambile:
Kodwa phela semdala umuntu lo ngo6a nami ngangiphathwa nguye naku sengingaka.........
Ho,nangu evela,shesha Nurse wami shesha ngizwe.
Kunjani?Uhabe kanjani?Umficile uRomeo?

Nurse Hawu ake ungiyeke wena nkosazana ngiphumule kunkenketha amathambo yulendlela.Hawu,ake ungiyeke ngiphumule wena; ngikhathele ka6i.

JUL Khuluma ngizwe mzanyana wami.khuluma wena 6o,ngizilangaze lele ka6i izinda6a zika Romeo.Yithi uphumula 6ewuxoxa.

Nurse Hawu,nkosi yami ngafa nguwe ngo6a ungeke ulindele kengitho le ikhefu kodwa?

JUL Ukuhla6a kwakho ikhefu kuyangili6azisa mina engilangazele le inda6a ephuma ku Romeo wami.Yishokenje kancane uthi qaphuqaphu ukuthi izinda6a o6uya nazo zimbi noma zinhle na?
Uma uke washo njaloke ngizolindela kancane uze uphumule.

"UROMEO NO JULIET"

Nurse Cha,nkosazana ngifikile esόkeni lakho.

JUL He,he,he (eklifitheka kuqhilika izihlathi)
Kodwa unjaninje?

Nurse Hawu suka,awukwazi wena ukukhetha isoka neze:
U Romeo! Cha,yena akamuhle ngokutheni e6usweni,kodwa cha uyinsizwa enothi lomzimba olu6onakalisa u6unsizwa 6a ngempela,hayike ngalapho yinsizwa ngempela.Hawu ngimthanda ngokutho6a kwakhe,kanti nomaum6uka naye eku6uka une sithu nzi udumisekile.

JUL He,he,he,he,he (ahleke aqaqatheke uja6ule)

Nurse Lalela ngikuchefele izinda6a zesoka lakho kade ungifundeke le:

JUL Yiya suka wena nurse wami uyangikitazanje ukuphela.
Ake ungihle6ele anikhulumangalutho ngokuthi siyoshada nini sinaye;phela u6engase akuxoxe lokho ngo6a encwadini ngishilo ngathi wenauyisifu6a sami njengomuntu owangikhu lisa engiphattha. Uya6onake u6e ngase akutshele noma yini.

Nurse O,ho,wena ungi6uza yonke imi6uzo lena engikhwelisa ikha nda kanti futhi ngizikhathalele.Um6uzo ofana nalowo angi namandla okuwuphendula ngo6a 6engingathunyiwe ngomlomo 6engithunywe ngencwadi.

JUL Hawu,ngitshele wena nurse 6o.

Nurse Ha6e,konje namhla usuku lokuzihlambulula ku Mpristi eso ntweni: Uyayanje kozihlambulula we nkosazana?

JUL Ye6o,ngiyaya.

Nurse Um6uzo wakhoke ngiwuphendula ngokuthi khawuleza uye khona ufike ungene endlini ka Mfundisi kanye u Friar Lawrence ukubekile njengokulungisiwe;laphoke uyomfica uRomeo eli ndele uku6a nishade masinyane.Sheshisa ke wena uyoshada esontweni mina ngizosheshisa ngi6eke isikhwelo(ladder)lo ku6a aze akhwele ngaho aze kuwe esitezi kusihlwa.

JUL Ha,awuzwake,nawe sheshisa ungakhohlwa uku6ekaisikhwelo usincikise efasiteleni lendlu yami nurse wami owethembekile

Episode Four

Isiqephu SesiNE.

"UROMEO NO JULIET "

(UMSHADO ESONTWENI)

(KUZWAKALA IRECORD LOMSHADO)

UMFUNDISI Romeo Capulet Montague,landela ufunge lezifungo emuva kwami: Mina Romeo CMontague,

ROM Mina Rpmeo Montagte

UMFUND Ngiyamthatha uJuliet Capulet;

ROM Ngiyamthatha uJuliet Capulet;

UMFUND U ku6a a6engu mfazi wami ngokomthetho;

ROM Uku6a a6e ngumfazi wami ngokomthetho;

UMFUND Noma kuvela okuhle noma kuvela oku6i;

ROM Noma kuvela okuhle noma kuvela oku6i.

UMFUND AMEN.: Manje Juliet landela nawe emuva kwami lezifungo. Mina Juliet Capulet;

JUL Mina Juliet Capulet;

UMFUND Ngiyamthatha uRomeo Montague;

JUL Ngiyamthatha uRomeo Montague;

UMFUND Uku6a a6e yindoda yami ngokomthetho;

JUL Uku6a a6e yindoda yami ngokomthetho;

UMFUND Noma kuvela okuhle noma kuvela oku6i;

JUL Noma kuvela okuhle noma kuvela oku6i.

UMFUND AMEN.

Juliet no Romeo......AMEN!

UMFUND Sengathi noNkulunkulu ezulwini angasi6usisa lesi se nzo esisenzayo,ukuze singa6uyi sizisole ngesikwenzi le.Loko okuhlanganiswe ngu Nkulunkulu kungahlukaniswa muntu kuze ku6e phakade Amen!

Jul,ROM Amen. ( Umculo womshado)

JUL (ehleka) Romeo mntakwethu ngiyathokoza yini pho!

ROM Ah,Juliet wami,mina okwami ukuthokoza kufana nomtho mbo ompompozayo;inhliziyo yami igcwele intokozo ema ngalisąyo sithandwa sami ngo6a sishadile nawe namhla. (UQINE UMCULO WOMSHADO)

"UROMEO NO JULIET ".

INDA6A : 6ashada qede 6a6ungazaha waphindela kwa6o uJuliet 6a tshelana nomyeni wakhe uRomeo lapho 6a6ezohlangana khona nesikhathi.Nanguya no Romeo esekhumbula a6angane 6akhe o Benvolio no Mercutio a6a6ezihlalele ehlathini lokuphumula (park).U6akhumbulanje u Romeo lo na6o se6emkhumbule.Eku phumuleni nasekuhambahambeni khona lapho eduze nezimbali namahlathi okuphumula(parks) ase Verona,6ase 6e6onana na 6omndeni wakwa Capulet ,hayike na6o 6ezidlela imbali;la6a a6akwa Capulet 6a6ehamba neqhawe lapha elalizonda kakhulu a6akwa Montague kakhulu lalizonda uRomeo.Igama laleliqha we elizondayo lalingu TYBALT.

TYBALT Waphu,nguwe lowo Mercutio lomzenzisi omu6i othandana na6a ntu 6akwa Montague;ikakhulu uzwana no Romeo engimzondayo.

BEN Cha,hayi,madoda musani ukususa uthuthuva lokungezwani lapha phakathi kwezixuku za6antu kangaka;yekani lento eni yiqalayo nomaniyoxa6ana esitha okungenani.

MERC Waphu cha,na6antu la6o se6enga6uka into yamehlo okunoma kungathiwa ngingadelelwa enye insizwa kanje.Uma engiphose la inselelo ngiyayithatha khona manje.

TYB Ham ....ha ... awuzwake wasinda wena Mercutio,nangu uRomeo evela okunguyena muntu engimzonda qho engifuna ukulwa naye.

MERC Ngeke walwa no Romeo uzolwa nami oqale ukususa uthuthuva naye uRoemeo engakafiki wena Tybalt uca6ang.......

TYB Nali lelivaka,lalo mfokazana ongu Romeo,igwala uqo6o lwa lo,namhlanje ngizokufundisa amaqhawe ngo6a ngizokunquma ngenkemba yami ufe ja....

ROM Kodwa uze usho zonke lezo zethuko kimi nje ngake ngakwenza ni Tybalt na? Angifuni mina ukulwanawe ngo6a wena ungowa kwa Capulet,nginesizathu sami engisaziyo esenza ngingatha ndi ukulwa na6antu 6akwa Capulet.

Hoxisa njeke Capulet omuhle asingalwi nawe.

MERC Hawu,hawu Romeo,ngiyaqala ukukwazi ukuthi uyivaka kangaka! Kuthi untangayenu ekuphosela inselelo wena uyiphendule ngokuzincengela sengathu uyinina?Woza kimina Tybalt,yimi engizothatha inselelo yakho.

"UROMEO NO JULIET "

INKOSI Thulani umsindo ngikhulume!
Ukuphela njeke engikushoyo ngithi uRomeo uyadingiswa kule lizwe;uma ekewaбonwa lapha aбulawe. Hlakazekanike kungaze kuvele olunye uchuku.Hambani niбuyele emakhaya enu nonke!

KUZWAKALA UKUKHALA KUKA POLI INYONI EБIKA OZAYO.

JUL Ha, Polly uбika бani?

Nurse Uбika mina nkosazana sengilapha.

JUL Ho, sewulethe lezo zintambo eziyisikhwelo ozithunywe ngu Romeo wami ngoбa ezokhwela ngazo efasiteleni lendlu yami nxa sesefika ukuze бangamuzwa oбaбa no mama,kuhleke Nurse.

Nurse Ha,he,nkosazana,ukukufinyezela indaбa ende angikuthi qa phuqaphu:Njengaloku wazi ukuzondana kwemindeni yakini na бakwa Montague osekuze kwafaka nathi thina ziseбenzi zenu phakathi,kwenzekileke namhla kwahlangana o Tybalt no Mercutio no Benvolio бaxaбana,бagcina ngokulwa o Mercutio no Tybalt,wafa u Mercutio eбulawa ngu Tybalt.Eqinisweni uTybalt wayehalela ukulwa no Romeo.U Romeo ngokuбona seku fe uMercutio wathatha inkemba walwa no Tybalt,hawu wafa njalo uTybalt khona lapho.Indaбa seyiyinkulu kaбikaбi ngo бa nenkosi seyilithethile icala elinqunywe ngokuбa kuthiwe uRomeo uyadingiswa angaphinde alubade olwakhe unyawo oluma badawozi kulelizwe lase Verona.Angazi noma seyifikile yini ezindlebeni zika Romeo leyonto na? ngoбa kuthiwe nje uzoбa ngumaбonwaбulawe yena.

JUL Nurse khuluma into oyaziyo wena noyiбonile,musa ukubuda lapha.U Romeo ngesandla sakhe uбulele uTybalt umzala?

Nurse Impela Nkosazana ngimбonile ngalawa awami amehlo uTybalt ewa efa eбulawa ngu Romeo;ngeke ngawaqamba amanga ngo Tybalt ngeke futhi ngamncokolela kambi ngoбa uyazi бesi zwana kakhulu sinaye,engihlonipha nami ngimhlonipha futhi. Hawu he,yeka uTybalt бandla nkosi yami ngeke ngisamбona! Wohe! lafa iqhawe lamaqhawe lafela eбuqhaweni бalo!

" U ROMEO NO JULIET "

JUL Hawu,uRomeo impela kanti 6ekungumuntu onenhliziyo ye nyoka embozwe ngembali yo6uzenzisi!
Impela kanti u6e yisiwa esijulile esine ndlondlo phakathi?
Idimoni uqo6o lwalo eliukeka liyingelosi kanti umkhohlisi!
Igwa6a6a eligqoke amaphike nesine 16a zeju6a!
Impisi ezimboze ngesikhumba semvana! Into eyedeleleke nge mpela; umzenzisi uqo6o lwakhe.
Ihuzu elizishaya umfundisi kanti yiselelesi;
Hawu,nawe sihogo a6akaphelel i osathane 6akwakho uma kuse khona osezulazula lapha emhla6eni kanje!-
Hawu,ngiyazisa ukuthi ikhiwane elihle kangaya li6e nempethu phakathi!

Nurse Kade ngangikutshela ukuthi umuntu wesilisa ungamethembi, ungakholwa nguye,ungawu6eki kuyena umphefumulo wakho ngo6a uyowephula,ayikho indoda ethembekile,amadoda ma6i wonke; Yizwa ngami mina okade waye6ona.
Yini yona uRomeo? Into enehlazo le! Ho-ho!

JUL Noma ungasho njalo nurse uthi indoda yami iyihlazo lechilo kodwa yayingadalelwe lelochilo neze,ivelelwenje isehlakalo esiyizumile; nehlazo lelo liyazi ukuthi aliyifanele indoda yam yami.

Nurse Hawu,kanti ungumphuphe uqo6o lwawo othetheleka indoda noma i6ulele umzala wakho? Yininje le oyishoyo?

JUL Ha,wena uthi angikhulume ka6i ngendoda yami ngize ngiqede?
Ye6o indoda yami yam6ulala ngo6a naye wayezoyi 6ulala.
Lokonje kukodwa kumelwe uku6a kungiduduze ukuthi noma efile uTybalt uma akafanga ngaku6e mina ngigqoke ezimnyama zokuzi la izingu6o namhlanje. Kuyisiduduzo esikhulu kimina ukwazi ukuthi umuntu owayesongele impilo yendoda yami wafa noma yona idingisiwe kodwa iyaphila!

Nurse Hamba uyohlala endlini yakho nkosazana,ngiyamazi uRomeo lapho ezithukusekhona ngizokulethela yena kusihlwa nahla azokuthokozisa. Ucashisiwe kwa Mfundisi eMishani phakathi esontweni.

J.P.L.

Episode Five

Isiqephu Sesihlanu.

# " U R O M E O NO J U L I E T "

INDA6A ETATULULWE EZINDA6ENI ZIKA SHAKESPEARE

IBALELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

Ibalwe ngu

" K. E. M A S I N G A"

A6adlali.

INDA6A

UMFUNDISI..............Friar Lawrence

ROMEO ..................Indodana ka Montague

JULIET..................Indodakazi ka Capulet

Imifakela ya6adlali

uNurse..................Umzanyana ka Juliet

Lady Capulet...........Unina ka Juliet

Mnumz Capulet..........Uyise ka Juliet

Paris ..................Isesheli sika Juliet Imbangi ka Romeo

BROADCAST AT DURBAN ON ......................1953.

MAY 26th,1953.

" UROMEO NO JULIET ".

ROM .t.. Hawu,lelo gama lika Tybalt angifuni nokulizwa ngo6a yilo leli elingifake kulolutaku olunje(ngezwi l•kukhala).

UMFUND: Waphu,wena unezinyembezi njengomfazi! Futhi wena wehlulwa ukuca6anga njengesilwane sasendle: Futhi wena unetwetwe ka6i elikhipha 6onke u6udoda kuwena! Wena sengathi ngo6a u6ulele uTybalt ungavunyelwa u6esewuzazi 6ulala u6ulale nomkakho uJuliet! Ivaka uqo6o lwalo leli: Wena udinga u6enge umthetho okuthethelele wakudingisa wakwe nza UMHAMBUMA,ngo6a wawufanelwe yintambo emqaleni wakho ngese nzo soku6ulala uTybalt!

ROM (akhale uRomeo ethethiswa) Hawu Mfundisi musa ukungiqalekisa...

UMFUND Thula lelivaka leli .....ng....ngithi ngiku6usisa 6ewuthi ngi yakuqalekisa?
Hamba khona manje uye esithandweni sakho uJuliet enishade naye ngokomthetho ongcwele,ungene ngefasitele endlini yakhe,kodwa ungadunyelwa uhlale khona kuze kuse u6onwe nga6antu 6omndeni, Ngicwaninga ingqondo yoku6a kuthi emuva kwaloko ngithi yeqa u6aleke uye e MANTUA;
E Mantua ke kulapho uyocasha khona size siqinise umshado wenu si6e namandla okuxolisa nezitha zakho,sikuncengele nase nkosi ni uku6a uxolelwe icala lakho,uma zonke lezo zinto ziphumelele uyo6uya sewuthokoze kakhulu ungasenaluvalo futhi:
Wena nurse ka Juliet hamba ngaphambili kuqala ufike weluleke uJuliet ukuthi uRomeo uyeza,uJuliet e6ese zama ukushe sha alalise a6azali 6akhe namhla ukuzeuyafika uRomeo kulelwe;

Nurse Impela ngizokwenza njengaloku ngilulekiwe.

ROM Sheshake mzanyana ka Juliet.

Nurse Ha6e,u6enginike nansi ne ndandatho wathi angifike ngimkhonze le ngayo kuwena.

ROM. Ha, ngaze ngawuthandalomkhonzo,nomoya wami wasimama ngempela; hawu yaze ya6ayinhle indandatho yami.

Nurse (ahleke kancane) Uthe angize ngikutshele ukuthi ingu DONSUTHANDO lendandatho.

" UROMEO NO JULIET ".

UMFUND Cha6o,akunga6e salitshalwa.Wena mzanyana ka Juliet khawu leza uhambise lowo myalezo osheshayo.
Nawe Romeo uzodinga uhambe ungali6ali ngo6a funa kuze kulindwe uma inda6a seyisakazekile;uzodinga uhambe khona kusihlwanje noma uhambe ngomuso ngovivi ngqoke uziguqule ukuse unga6onwa ukuthi nguwe;ngizokutholela umuntu ozo thi uhamba e6eyisindumbazana sakho a6angasinakile si6e sikwenzela izimpawu zokukuphephisa phambili!
Sengathi ungahamba nezi6usiso Romeo,hamba kahle u6e ne nhlanhla,ungikhonzele ku Juliet wakho.

ROM Wow,salakahle nawe mfundisi,ukwahlukana nawe sekungi6a ngela olunye usizi.

KUZWAKALA UMSINJWANA WAWO POLLY IZINYONI ZEZIGWILI,PHELA KUSEMZINI KA CAPULET ISIGWILI UHLAZI NOMKHAKHE,NESIGWILI ESINGU PARIS ISESHELI SIKA JULIET,6AYAXOXA.

CAPULET (Umnumzane) .....Asazi Nkósana Paris izinda6a zimbi 6ekufanele indoda kazi yethu le ozoyeshela uku6a ikushade siyihambise lapha ngo6a kwehlakale usizi esihhotsheni sethu e6eyikhonzene naso u Tybalt:Angikholwa ukuthi manje kusihlwanje usazo kwehla eze lapha endlini yokulala

Paris Impela konaisikhashana esi6ana kumuntu ozokweshela njenga minje ukufica intombi isosizini lokulilela isifo sesihlo 6o sayo.Kuhle ngivalelise kusihlwanje,nize ningikhonzele kuyena kakhulu.

LADY CAP Nami sengiyoze ngim6one ngomuso;ngiya6ona umoya wakhe usephukile ka6ana manje.

MNUMZ CAP Cha,wena mkosana Paris ungahlupheki indodakazi yethu le ngizoyishayela umthethonje mina uku6a yendele kuwena, yona yo6e seyiyangihlopipha nginguyise,anginga6azi nganga loko.-Wena nkosikazi yami hamba uye kuyena uJuliet umtshe le ngomfana lo oyiseseheli sakhe umtshele nokuthi ngase ngi6ashadise ngolwesithathu oluzayo.

"UROMEO NO JULIET "

JUL (avume ngokuzenzisa) Yebo mama kulungile.

L.CAP Ah,kanti chake mntanami Juliet ungabe sakhala wena ngoba unoyihlo onobuchopho obukucabangela kahle kakhulu;Sikhulu manje unamalungiselelo akho amahle entokozo nami ebenginga walindele neze.

JUL Impela mama nxa usizi ludlange kangakanje kudingeka intoko zo.Ake ungitshele mama ukuthi malungiselelo mani kangaka lawo amahle engiwenzelwa ngubaba na?

L.CAP Uzoshadiswa mntanami nensizwa yodumo eyisicebi esikhulu kabi,ephuma emzini ophambili weziphakanyiswa.Lensizwa ngu Paris odumileyo.Lomshado wenu uzoba se St.Peters Church

JUL Kodwa mama kungaba kanjani ukuba ngishadiswe nomuntu ongaza nge angeshele;futhi kuphangiswani kangaka?Tshela ubaba Ma ukuthi angijahe kushada mina nokuthi uma sengishada ngo shada no Romeo isitha sakwethu angimfuni uParis.

L.CAP Nangu uyihlo eza zitshelele yena wena uzwe ukuthi kuzokuha mbela kanjani na.

CAP Yebo,nkosikazi wami sewumtshelile uJuliet konke loko?

L.CAP Uyenqaba ukushada no Paris odumileyo uJuliet baba.

CAP Angalinga yena enqabe isibusiso esingaka esimenzele sona simkhethele indoda ecebe kangaka nedume kangaka?Iyaziqhenya lengane!

JUL Into uma ngingayifuni angiyifuni.Anginakwendiswa kumuntu engingamthandi ekhona engimthandayo.

CAP Uthini?Uthini lengane eyedelelayo le?Uthi ngingasho into uyiphikise? Noma uyathanda noma awuthandi wena uyakoshada esontweni e St.Peters ngoLwesine np Paris.Kodwa lapho bewu ngubani wena ongenqaba into sengiyishilo?

JUL Cha,baba ake ungilalele phela ngikhulume.

CAP Ngilale wena bani nje nempela?Ngithi wena hamba ngoLwesine uyoshada nendoda engkwendisela kuyona,akukholutho engizolo ku ngilunkefuza nawe;angifuni mpendulo yakho yenza lokho engikushoyo ukuphela,sukake lapha phambi kwami-

"UROMEO NO JULIET"

CAP ........nxashane wala ukushada nendoda engikufunele yona ungaphindi uhlale lapha emzini wami,phuma uphele uhambe udla udaka emigwaqweni.Selufikile uLwesine,hhambauyocabanga kahle ukuthi uyashada noma cha,uqonde ukuthi ukungashadi kush o ukuthi ngiyakulahla lapha ekhaya ngokwedelela inhlanhla engikulungisele yona.

JUL Hawu mama wami nawe ube sewuyangilahla yini na? Ngisize mama lomshado uwulibazise okungenani inyanga eyodwa, uma kungenjalo sengingaya kolala emangcwabeni lapho kulele khona umzalau Tybalt.

L.CAP Angisenandaba mina ungazenzela ngokubona kwakho,sengiqedile nawe.

JUL Hawu,we mzanyana wami akewungitshele ukuthi yindaba ezokwe nziwa njani lena ngoba mina ngingoshadileyo,indoda yami ikhona idla amabele,pho ngingashada kanjani ingafile? Ake ungeluleke mzanyana wami.

Nurse Mina ngithi vuma ushade ngoba uRomeo wadingiswa kulelizwe, futhi uParis uyinsizwa enhle kuno Romeo,uma ushade no Paris uyobe ushade nemambane ngempela ngeke wazisola ngalu tho;futhike indaba yokushada kwenu nino Romeo yisinyenyela esaziwa yinina nobabili ukuphela.

INDABA Wasangana uJuliet ukuphatheka kanje. Wahamba waya kwa Mfundisi owayevamaukumeluleka uma esosizini nowayeluleka indoda yakhe uRomeo uma izinto sezilukhunyana.Wafika kwa Mfundisi wayethula yonke indaba njengalo injalo.

JUL................kanjalonjeke Mfundisi izinto zingimele kanje.... .......

MFUND Yebo Juliet indaba yakho sengiyizwile yonke ukuthi noma uyathanda noma awuthandi ngoLwesine umelwe ukushada no Paris ongamthandiyo.

JUL Khipha iseluleko sakhoke mfundisi ngoba futhi nguwe owasi shadisayo sino Romeo yiko ngize kuwenanje.uma ngingasitholi iseluleko esiqondile kuwena ngizozibulala nangu no mese ngi wuphethe.

" UROMEO NO JULIET "

UMFUND Akewukahleke ndodakazi kukhona okungifikele engqndweni yami khona sixoxanje sinawe;
Uma ukushada no Paris kulingene nokuthi ungazi6ulala lelisu lamike lizodinga li6engcono kuwena ukulenza futhi lizokuthambela ukulenza,uma uvuma ukwenza into enzima engi zothi yenze ngizokunika into yoku6a i6e yikhambi kalezi nhlungu zakho.

JUL Mfundisi okunoma ngishade no Paris ngingenza noma yini ezongenza ngingashadi naye,ngingahamba namasela ngi6e ngelinye lawo okungenani,ngingahlala nezinyoka okungenani, ngingahamba nama beja asendle okungenani,ngingahlala na6afi leyo emangcwa6eni okungenani,ngingahlala namathambo a6afayo emathuneni ngcono,ngingahlala nezidumbu zifile okungenani: Zonke lezinto engizi6alile engizesa6ayo ka6ika6i mfundisi, kodwa ngithi uParis ngimdinwa ukushada naye ngangoku6a ngingase ngixolele zonke lezo zinto.Angimfuni nalqho eha mbe khona ukuthi ngingathiwa ngingumkakhe.

MFUND Thulake,thokoza wena,hambauye ekhaya kwenu ufike uvume ukuthi uzoshada no Paris kanti uya6ayenga;
Kuze kuthi ngomuso kusihlwa ulale wedwa qwi elawini lakho: Thatha naku lomuthi uze uthi mase ulala uthi gojela 6ese uwuqhu6a ngeconsana lotshwala.Uma sewuwuphuzile lomuthi uyo6a njengofileyo ngempela into oyoze uvuke emuva kwama hora angama 42,kuyothi uma sewuvuka futhi ungezwa kusi ndana komzimba,kuyo6a sengathi kade uphuphanje,uyothi efika uParis ethi uzokuthatha niyoshada akyfice ungofileyo ja. Uyo6e sewuyathathwa uyo6ekwa engcwa6eni elalungiselwa nina 6akwa Capulet,lapho ni6ekwa khona nonke.URomeo ngizombale la ngimeluleke ngesu lo6uqili esi6enzile,yena uyofika seku cuphele uku6a uvuke nami ngikhona sikulande niyoshada naye. Qpqa isi6indike ntokazi wenze njalo ukuze uthole indoda oyifunayo.

JUL Hawu,hawu,hawun Nkosi yami mfundisi wuleth lapha khona manje low muthi.Ngeke ngesa6e ukuwenza neze,neze,neze...

"UROMEO NO JULIET"

MFUND Kahle,ngizothumela umuntu wami eMANTUA ku Romeo ayomtshe la ngalelisu lethu nokuhlanga6ezana nalo kahle.Yincwadi engizoyithumela nesigijimi ku Romeo. Wena hambauye kwenu uyo6akhohlisa uthi uvumile ukuze 6alutheke ngesikhathi wenza u6uqili 6ethu lo6u 6angakuhlomeli amehlo.

KUZWAKALA UMOYANA UHU6A

CAP Hawu kade uphi Juliet isikhathi esingaka lesi na?

JUL Kade ngikamfundisi.

CAP Kazi 6ewuyokwenzani?

JUL 6engiyovuma isono sami sokwenqa6a intando yakho yokushada no Paris,manje sengiyavuma ngizoshada naye ngenze intando yakho 6a6a.

CAP Ho,ngathokoza mntanami umas ewuvuma intando yami.Hambani niyotshela isikwaya lesiya esingu Paris ukuthi asizoshada ngomuso ekuseni.

JUL Sihlangene naye 6a6a uParis kwa Mfundisi ngamtshela konke ngaloko.

CAP Kuhle ngempela use6enze umse6enzi omuhle umfundisi ngokukwe luleka uku6a uhloniphe intando yami ushadele lapho ngi sho khona.Hamba mzanyana uyomtshela umkhwenyana ngako ko nke loku ukuze angaphuthi ngolwesine esontweni nokuzokhi pha uJuliet lapha ekhaya,nomanje nami ngingaya ku Skwaya Paris ngiyomethulela lezinda6a ezihla6a umxhwele.Nawe mama yisize ingane kusukela nje ngongase uyisize ngako. Cha,asisheshe siyolala ukuze sica6ange kahle singasodwa.

ENDLINI KA JULIET

Nurse Uyashada ngomuso nkosazana Juliet siyathokoza sonke lapha ekhaya.

JUL Ye6o Nurse wami,ngakoke nawe shesha ungishiye ngedwa ngi lungise ngenkululeko ngingedwa.
Ngithanda ukuzilungisela kahle ngokukhululeka ngingedwa nxa ngikudinga ngokuvusa,hambauyolala kade uhamba.

Nurse Ngiya6onga nkosazana ngivele ngidangele ka6i ukukhathala namhla kade ngihambahamba nezigijimi zomuzi.

"UROMEO NO JULIET"

(KUNGENE UNINA KA JULIET ELAWINI LAKHE)

L.CAP Ohe,yeka ingane yami luxakekile mama?Ngingakusiza tana?

JUL Cha,Ma,ngilungisanje lezo zinto ezedingeka ngomuso emshadweni wami ezidinga izandla zami ngedwa,beka ngo6a no mzanyana wami ngithe akangezi ngo6a ngifuna ingqondo yami inamathele kuloko engikudinga ngempela,nawe Ma ngiya6onga yekanje unga ngisizi funa ngidideke;phela nani niyangilungiselela ezinye izinto ezimaqondana nani se6enzani kuzonake nani,nino mzanyana wami.Ngoze nginidinge ngomuso ekuseni.

L. CAP O,ulale kahleke mntanami nempela uqinisile.

JUL.....(ukhulumayedwa unina esehambile):.........ngimhleka usulu kazi siyo6uye siBonane nini naye futhi;

Ngo6a amaqhinga engiphezu kwawo angenza ngizwe ushwelele lwamakhaza emithanjeni yegazi lami;

Ehe,uma kungase kudingeke 6ayo6izwa 6eze kimi,kodwanje okwamanje yini engenziwa yi6o?

Amaqhinga ami engiphezu kwawo adinga ngi6e ngedwa vo;

Woza gaba lami lomuthi olalisayo kwasakufa.-

Ha,yeka ungasa se6enzi lomuthi,ngo6a loko kuyingenza ngiyo shadela kumuntu engingamthandiyo mina ka6a6a kusasa loku okusileyo.

Yeka mame ukuthi mhlawumbe umfundisi ungithakele umuthi o6ulalayo ngo6a esa6a ukuthi naye uzongena ehlazweni lokuthi kade engishadise no Romeo manje sengishadiswa nomunye!

Yeka futhi ngiphuze lomuthi womfundisi ngithi ngivuka uRomeo e6engakafiki,kodwa ngingenzenjani?

Yeka sengivuka ngivaleleka laphaya esakhiweni samangcwa6a akithi kungafiki muntu azogingqa itshe,6esengivaleleka khona umhlalafuthi ka ngunaphakade ngize ngife ngempela.

Ah,yiya imica6ango nje yonke leyo,umfundisi ngumuntu oyingcwele owethembekileyo u6engeke angikhohlise;

Woza gaba lomuthi wami ngikuphuze egameni lesithandwa sami uRomeo.....ha..awu6a6i noko. (alale)

END EPISODE FIVE........ISIPHETHO SESIQEPHU SESIHLANU.

:::::

Episode Six

Isiqephu Sesithupha

# " U R O M E O  NO  J U L I E T "

INDA6A ETATULULWE EZINDA6ENI ZIKA SHAKES PEARE

IBALELWE UKUSAKAZWA NGOMSYA

Ibalwe ngu

" K. E. M A S I N G A "

## A6adlali

INDA6A

MNUMZANE CAPULET NO NKOSIKAZI CAPULET

l [illegible]

UMFUNDISI

ROMEO

JULIET

## Imifakela ya6adlali.

uNurse ka Juliet

Balthasar Inceku ka Romeo

Inyanga (an apothecary)

Paris Isesheli sika Juliet

Inkosi ethetha Amacala(Escalus Prince Of Verona)

Umlindi wase Mathuneni

A6akwa Montague ku6oka Romeo

BROADCAST AT DURBAN ON ............................1953.

MAY 28th,1953.

Episode Six                                                                                    Isiqephu Sesithupha

"UR O M E O  NO  J U L I E T"

KUKWA MNUMZANE CAPULET,KUZWAKALA UMCULO OPHOLILE WEZIGINGCI ZASENDULO,KUZOSHADWA NAMHLA NJENGEZIMISO.

MNUMZANE CAPULET  EKUSENI

Mn CAP  We nkosikazi yami,nawe Mzanyana ka Juliet,hawu vukani 6o, Hambani niyovusa inkosazana uJuliet,nimlungise kahle, Mina ngizoza nomkhwenyana uParis:- sheshani, Ho, nangu umkhwenyana usefikile kwa6akuhle,ho,ho,woza mkhwenyana wami,ha,ha,ha,ha!

Nurse (endlini ka Juliet):- Nkosazana Juliet vuka ntwana,vuka mnta nami,vuka mntakwethu nangu umkhwenyana wakho usefikile. Vuka,vuka,(abule umbede) vuka mamana wami, vuka,sekusile phela sekuyilo usuku lwenu olukhulu! (kuthi nya-ufile) Ha6e(ethuke unurse) kanti kwenzenjani,wenkosikazi woza ungi6onise nanku umhlola 6o,we!we!we!

L.CAP  Yini lo msindo olapha endlini ka nkosazana Juliet?

Nurse  Ake ubeke,ake ubeke,usepholile cwe!

L.CAP  Ha6e,yimihlola yini ingane yami inani,ifile,we 6a6o,ngizo shonaphi?Ngizokwenzenjani? Maye!maye!maye!Usepholile cwe!

MN.CAP  (ememeza ekude) Hey nina nurse nino nkosikazi lethani uJuliet lapha musani ukuloku ni6anga umsindo wesifazane! Siyahamba isikhathi asimele thina!

uNurse no L.CAP:  We 6a6o! Ufile,ufile,sakholiseka ngo Juliet! ufile!

CAP  Hawu,awuthi ngim6one! Ha6e usefile impela use6anda cwe! Namathambo akhe asomile nkwe;Ayisekho impilo kuyena; Ukufa sekulele phezu kwengane yami njengom'6ethe embalini, Hawu,ngafa neshwa elimnyama mina ka 6a6a ngengane yami. Impela ngife ufa lwembiza ngengane yami.

oNurse no Nina ka Juliet 6ekhala

(1) Hawu we mame;nali ishwa we ma!

(2) Saku6ona saku6eletha thina 6aka Mama

(1) Hawu yeka ngo Juliet emuhle kangaka!

(2) We mame,we mame.we mame!

Episode Six Isiqephu Sesithupha

"U R O M E O NO J U L I E T"

UMFUNDISI NO PARIS SEBELUNGELE UKUFIKA KUKA MAKHOTI BAZE BAYE KOMBEKA

UMFUND Hawu,uselungelenje umakhoti na ukungena esontweni ashade?

CAP(ngokudabuka): Hawu mfundisi ohloniphekile,yebo uselungele ukuza endlini yesonto kodwa ayongena angaphindi aphume futhi ese nguye.Hawu mkhwenyana umakhoti wakho ufe ebusuku sithe si vuka wayese yisidumbu:Umntanami useshade nokufa.
Hawu,ukufa kuyindlalifa kanoma ubani!

Par Wo,he yeka ukuphoxeka ngokuhlangabezana kambi nosuku ebe ngilulangazelele kangaka mina ka baba!Ngajaba.

L.CAP Hawu lwaze lwabalubi usuku,lwazondeka kabi emehlweni ami;
Hawu,nkosi yami ukufa kwangephuca ingane yami iyodwa qwi:
Hawu,kwaze kwaba nonya ukufa!

Nurse Hawu yeka ngo nkosazana Juliet we mame!
Angizange ngilubone usuku olubi kangaka.
Hawu,we mame,hawu we mame,hawu we mame!

CAP Hawu,yafa ingane yami intokozo yenhliziyo yami;
Manje sengife olwembiza,nginjengowe delelekile.

UMFUND Duduzekani bandla,duduzekani;
Qondani ukuthi unkulunkulu naye ebeyithanda njengani lengane, Nina beningenamandla okiba niyenze ingafi,kanti nonkulunkulu ubehlala eyilindele ukuba ifike ezulwini.
Njengokwesiko,mgqokiseni kahle aye esontweni engakagqithhwa.

CAP Impela kanti wonke amalungiselelo esikade siwenza sithi si lungisela umshado ka Juliet besilungisela umngcwabo wakhe:
Namakwaya abezohuba izingoma zomshado eziphapheme asezohuba ezesililo;Izimbali ebezizoba ngezomshado sekuzoba ngezomn gcwabo.Hawu zaze zaba yinhlanekela eyinqaba izinto.

UMFUND Akusekho ukwenza ngokunye akwenziwe kona loko okungathande ki. Asihambe siphelekezele lendodakazi efile siyiyise ema thuneni ngokuthula.

"U R O M E O NO J U L I E T"

INDA6A Umfundisi yena wayesithumele isithunywa ku Romeo sokumazisa simduduze ngokuthi angethuki uma ezwa ngalomngcwa6o ka Juliet,nokuthi aze azazelenje ukuthi owokuzenzisa wokufeza amaqhinga a6o okushada kamuva.Isithunywa leso asifinyele langa ku Romeo,akekho owazi ukuthi ngani,nakanjani: Kodwanje namaphupho aka Romeo ayenama6ika ayisimangaliso ngalezo zinsuku.

ukhuluma yedwa
uROMEO Hawu,ngiphuphe inqa6anje izolo kusihlwa;lihle lonaiphupho lami sengathi li6ika izinda6a ezinhle ngo6a ngiphiphe:- U Juliet intokazi yami ingihambele yangifica ngifile, kuthe kusenjalo wanganga uJuliet,wanele waphefumulela kiminje ngavuka gububu nga6a yinkosi! Lizwakala kahle lona kazi liqondeni?

BALTHASAR Ngqo,ngqo,ngqo.

ROM Ngena,O,kanti umuntu wase Verona,yisho unjani uJuliet umkami,narso into engifuna ukuyizwa ngezase Verona.

Balt Ngiyada6uka ukukwazisa ukuthi lowo ulele endaweni yoku ngcwa6a a6aku6o,ufile impela mnumzane wami ngeke aphinde avuke,ngizi6onele yena ngalawa awami amehlo,noma nginga thunyiwe nga6akhulu loku kodwa ngithe angize ngizokwazisa ngo6a ngangiyinceku yakho ungakadingiswa.

ROM Sengizwile,ha,bauyoqasha amahhashi esizohamba ngawo si sheshe siye lapho ethuneni lika Juliet khona manje,sithe lake wena lapha.Hambake.

(akhuoume yedwa eseyedwa)

ROM Usizi lufundisa amaqhinga amaningi.Ngihlupheke ngangoku6a ngikhumbula mhla ngifika ekhemisi lenyanga elali ngamafi hlifihli,nayo imantwenguntwengu u6uphofu kodwa yathi ina wo umuthi ongawuphuza qede ufe ja khona lapho,noma lowo muthi ngawudelela ngawu6ukela phansi,nantuke usuku loku6a ngiwuthenge ngiwuphuze ngife ngilale eduze kuka Juliet; Mhlaumbe ayikho leyonyanga ngo6a yihelide mamhlanje! Hmn! ngizokwenzenjani 6andla!

/ Juliet;futhike angifuni ithuna lakhe lidlulwe noma elika6ani elakhe ngifuna li6e ngeliphambili kakhulu lagolide langempela./

..........................................................................

9.

"UROMEO NO JULIET"

CAP Nelika Romeo ngizolenza li6e ngelegolide kanjalo ukuze naye ahlo6e kahle eduze kuka Juliet wakhe.Leloke yihla wulo mlingani lokuzondana kwethu oku u6ulima.

Inkosi Izehlakalo zanamhla ezinyanyekayo nezimbi zilethe ukuthula okumangalisayo kinina 6akwa Capulet na6akwa Montague; Hlalani niduduzana ngalezi zehlakalo ezida6ukisayo; Angizange ngiyi6one,ngilithethe ne cala elida6ukisa nje ngaleli.Hawu iyada6ukisa lenda6a! Impela ngiyafunga ngiyaga6ela ngithi ayikho inda6a eyake yada6ukisa njenge ka JULIET no ROMEO.

KUZWAKALE UMHAYO ODA6UKISAYO OTHULILE.

END EPISODE SIX

SIYAPHELA ISIQEPHU SESITHUPHA.

IYAPHELA YONKE INDA6A.

MAY 28th,1953.